Downloaded from Stanmorephysics.com

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Inkondlo | (10) |
| ISIQEPHU B: Umdlalo | (25) |

3. Phendula umbuzo OWODWA kwisiqephu A phakathi kombuzo OMUDE (Umbuzo 1) nombuzo OMFUSHANE (Umbuzo 2).

4. Phendula yonke imibuzo ebuziwe kwisiqephu B (Umbuzo 3 nombuzo 4).

5. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe ephepheni lemibuzo.

6. Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.

7. Phendula usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

8. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Ngiphe Isineke (P.B. Maphumulo)**

1. Ngiph'isineke Mqalisi noMphelelisi,
2. Sokubekezelela lo mqans'engisawuqophayo, 3.
Sokuwuqwala ngiwuqombole ngize ngiyosithela.
4. Ngiph'isineke nothando nobuhlakani;
5. Bokubhekana nalolu hamb'esengizihlelele lona.

6. Nxa sewunginikezile lesi sineke
7. Ngiphikelelise phambili!
8. Laph'ukukhanya kwakhona kungapheli
9. Laph'impumelel'ingukukhanya, ngalesi sinek'engisicelayo
10. Nakub'izimvula zinginetha, ngikhoselise;
11. Nakub'ufasimba lungisitha, ngiqanul'amaqaphelo.

12. Ngithuntubezele lezi zincij'engizibonayo
13. Hleze zingihlabe;
14. Ngiphelelwe nayilesi sinek'esincan'engisenaso.
15. Hleze ngishay'ungqimphothwe, kubenzima nokusimama;
16. Ngihlabe ngedolo phansi Menzi wezinto
17. Ngithi ngicel'isineke nokubekezela!

18. Ontanga yami bangishiyile
19. Owabanika lesi sinek'engisicelayo
20. Nginike lesi sineke ngicothoze ngicondoze
21. Ngilisubathe ngigcine sengilifezile leli banga,
22. Engani nenja yaze yawaqed'amacubane ngolimi?

23. Ekushabalaleni kwamathemba ngimis'idolo,
24. Ezimpicothini nesangcokolo ngimis'isibindi,
25. Ube wudondolo lokuzimelelela;
26. Ube yisikhwelo sokunginombelisa ngesineke,
27. Lesi sineke nokubekezel'okudal'impumelelo.

28. Angikaze ngimbon'uSineke kodw'unodumo,
29. Angilazi futhi nequq−u lakhe, kodw'uyaphila kwabanye,
30. Angikaze ngimthinte ngezami, kodwa kufanele sibe nokusondelana,
31. Angikaze ngimkhothe, kodwa kuthiwa uyanambitheka
32. Asebemnambithile bathi zimtot'izithelo zakhe.

33. Ngisanxusa namanje ngithi ngiph'isineke Baba
34. Ze ngifingq'igxathu ngivale negeb' eliphambi kwami;
35. Ze ngiyinyelel'esiqongweni ngibafice nasebephambili,
36. Ze kuchayisek'izimfamon'ezingazi nginjengesehluleki;
37. Nakanjan'imithandazo namaphuph'am'ayoba ngamaqiniso.


Downloaded from Stanmorephysics.com

Nakuba uhambo lwempilo lungelula, kepha luyahambeka uma uluhamba noMdali. Fakazela lesi sitatimende ubhekise ekukhethweni kwamagama atholakala kule nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ebhaleke kahle enamagama alinganiselwa kwayi190 kuya kwangama-240.
[10]

**OKULINDELEKILE:**

- **Ukuchaza uphawu** lwenkondlo obuzwe ngalo.
- Ukusekela ubhekise kwisitatimende obuzwe ngaso wesekele nangezibonelo.
- Uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo oqukethwe isitatimende.




**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngiyeke Ngikhulume (Z. Mkhize)**

1. Nanxa ukukhuluma kungukufa,
2. Ngiyeke ngikhulume, mntanomuntu,
3. Ngibalise ngengikufukamel'enhliziyweni,
4. Ngiyeke ngikubalisel'ungangilwisi,

5. Ngihheme ngendlel' engifisa ngayo,
6. Ngikutshele ngosiz'olungibusayo,
7. Ngiyeke ngikhulume.

8. Ngising'eMpumalanga,
9. Ngibon'amajub'ejubalala,
10. Ngidedele ngivez'imizwa yami,

11. Ngikutshele ngobumina ngingenamahloni,
12. Nginike nje umzuzwana,
13. Umzuzwana mntanomuntu,
14. Ngizibike,
15. Ngiyeke, ngihheme.

16. Asindize silingis'amajuba,
17. Asitshakadule silingis'amathole, 18. Ngiphe nje umzuzwana,
19. Ngiyeke ngibhede.

2.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)

2.2 Tomula ukuxhumana okutholakala ebinzeni loku-1 bese usho nohlobo lwakho. (2)

2.3 Phawula ngokusetshenziswa kwesizura emgqeni we-15. (2)

2.4 Xoxa ngomoya otholakala emgqeni we-16 nowe-17. (3)

2.5 Ucabanga ukuthi ulimi olusetshenziswe imbongi luyenza ifaneleke yini ukunikwa ithuba elicelayo lokuba ikhulume? (2)

[10]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UMDLALO (UKUFA KUKASHAKA)

Phendula YONKE imibuzo ekulesi siqephu.

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMUDE)

Okuqaphelekayo emdlalweni 'Ukufa kukaShaka' ukuthi umbuso kaShaka wawuhluke kakhulu kunowentandoyeningi yakuleli. Fakazela lesi sitatimende ngokuqhathanisa le mibuso yomibili.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ebhaleke kahle enamagama alinganiselwa kwangama-240 kuya kwangama-290. [15]

## UMBUZO 4: (UMBUZO OMFUSHANE)

**Isigcawu sesithathu**

(Elawini lenkosi kukhona inkosi nenyanga yayo.)

**UShaka:** Sekuyikho khukhuva?

**Inyanga:** Zul' eliphezulu, kodwa inkosi ngizoyishunqisela ngomunye umuthi ngaphambi kokuba ishaywe umoya omubi wasebusuku. (Nebala ishunqise.)

**UShaka:** Awu, yenza nempela! Umzimba wami ngizwa utubekile ingathi bengenza omkhulu umsebenzi lona. Inyanga: Ingathi bengingachela futhi phandle. (Iphume nebala.)

**UDingane:** (Becashile.) Nanso-ke inyanga ihamba ichela, izothi ingaphindela emuva sime ngapha nangapha kwesango. (Ichele iphindele emuva.) Asingeneni! (Bame qede bayibone inyanga iza ihola inkosi; ingene qede inyanga baphoseke emva kwayo bekhokhe imikhonto.)

**UShaka:** Yini Dingane? Kwenzenjani? (Umkhonto ungene ngemuva.) Awu! Niyangigwaza! (Ithi jeqe.) Hawu, uwe Mbopha? (Kuthi nya.) Kwenzenjani bafowethu nangibulalisa okwamagwala? (Awe!) Ningibulalela ubukhosi? Ukube benazi ukuthi lishisa kanjani leli lembe ebenginihlalele kulo ngabe aningisusanga. Yebo Dingane, **umbango usuka emlotheni**, uzenzile kakhalelwa. (Abheke phezulu.) Nazo izinyoni zolwandle ngizibhekile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Inyanga:** Hawu! Lafa elihle kakhulu! Yelekelelani bo!

**UDingane:** Asibalekeni! (Beqe uthango.)

**UJeqe:** Yini?

**Inyanga:** (Ikhomba.) Abantwana noMbopha!

**UJeqe:** Wo! Elokufa alitsheli. (Afole aphathe isidumbu.)
Impela akusoka lingenasici; leli gazi elimpompozayo likhomba ukugqwala kwethusi, ukubuna komthunzi, ukusha kwesiphethu sobuzwe bukaZulu. Nakuba inkosi ibinolaka, ingancengi, ingathetheleli, ikwazile ukumisa umthetho, inhlonipho, ukuzibamba, ubuqhawe nokuzithanda, konke lokhu okuzobhuntsha. Wo! Sishaka, ubuphothana phambi kwethu sikuthande. Ubuyiphaka ngobuciko, uyibambe nathi singenwe uhlevane, sime isibindi; kodwa ngokuzimisela ukuqotha, kukubulele okudliwayo.
'Dlondlwane luya luhlezi, luya ludlondlobele; Sidlukuladlwedlwe siyadla sidlondlobele, Sibeke isihlangu emadolweni; Mxoshi womuntu amxoshe futhi …' Bakubonile abanamehlo gugu lethu, kepha-ke ukufa kusezizweni. Umuntu akazisithelele ayozihlabela ikhefu engxenye, abone ukuthi kuthokomala kuni angakuzuza ethembeni, nakuzimisela kuni ovalweni. Lala 'Lusibagojela!'
(Aphume qede kungene abantwana noMbopha, basisuse isidumbu basifihle emgodini wamabele khona esibayeni.)

[Inkundla 6, Isigcawu 3, 54-55]

4.1 Ubani obulawayo kulesi sigcawu? (1)

4.2 Ubulawelani? (1)

4.3 Phawula ngesizinda sendawo nesimo senhlalo esitholakala kulesi sigcawu. (2)

4.4 Nikeza izizathu EZIMBILI ezazenza ukuthi uJeqe amthande uShaka. (2)

4.5 Chaza okuqondwe nguShaka ngamazwi abhalwe ngokugqamile kulesi sigcawu. (2)

4.6 Ucabanga ukuthi kwaba isenzo esincomekayo ukubulawa kukaShaka? Sekela impendulo yakho. (2)

[10]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [25]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

| UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IPHROJEKTHI YEBANGA LE-10 |
|---|
| ITHEMU 3 |
| 2024 |

| UMHLOLI: S.E. MSANI | UMCUBUNGULI: C.M NGUBANE |
|---|---|

**ISIQEPHU A**

**UMBUZO 1**

**ISINGENISO**

Ukukhethwa kwamagama ilawo magama anembayo asetshenziswa imbongi ukwethula imizwa yayo. Kulo mbhalo ngizofakazela isitatimende esithi nakuba uhambo lwempilo lungelula, kepha layahambeka uma uluhamba noMdali ngibhekise ekukhethweni kwamagama.

**UMZIMBA**

**Ibinza loku-1:** Kuleli binza imbongi isebenzise amagama 'Mqalisi noMphelelisi'. La magama achaza uJehova. Imbongi iqonde ukumema uNkulunkulu ukuba ahambe nayo uhambo lwempilo aphinde ayifundise ukulinda isikhathi sayo sempumelelo.

**Ibinza lesi-2:** Lapha imbongi isebenzise amagama 'Ngiphikelelise phambili!'. Imbongi ichaza ukuthi uMdali akangagcini nje ngokuyifundisa ukulinda kepha akayisingathe ayiholele empumelelweni.

**Ibinza lesi-3:** Kuleli binza imbongi isebenzise amagama 'Ngithuntubezele lezi zincij'engizibonayo'. Imbongi iqonde ukuthi ohambweni lwayo oluya empumelelweni ihlangabezane nezihibe ezinhlobonhlobo. Ngakho-ke icela uMdali ukuba ayinqobele zona.

**Ibinza lesi-4:** Imbongi ikhethe amagama 'Ontanga yami bangishiyile'. Lapha imbongi iqonde ukuthi lowo ohamba noMdali akavambeki ohambweni lwakanompumelelo. Yingakho nayo imema uMdali ukuba asubathe nayo.

**Ibinza lesi-5**: Imbongi ikhethe amagama 'Ube wudondolo lokuzimelela'. Lapha imbongi iyaqonda ukuthi empilweni kuyaye kube nobunzima obungayiqumba phansi. Ngakho-ke icela uJehova ukuba abe isisekelo sayo esizoyizimazisa.

(Namanye amagama anembayo asekeleke kahle afanele ukuklonyeliswa).

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIPHETHO**

Imbongi iphumelele kahle ukukhetha amagama anembayo ukwethula umyalezo othi nakuba uhambo lwempilo lungelula kepha luyahambeka uma uluhamba noMdali.

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

2.1 Ilirikhi. √ (1)

2.2 **<u>Ngiyeke</u>** ngikhulume, mntanomuntu,

Ngibalise ngengikufukamel'enhliziyweni,

**<u>Ngiyeke</u>** ngikubalisel'ungangilwisi, √

Ukuxhumana okweqayo. √ (2)

2.3 Isizura kulomugqa isetshenziselwe ukuphumula. √ Imbongi incenga intombi eyeshelayo ukuba iyiniki ithuba lokweshelwa kungakhathalekile ukuthi ezokusho kuzwakala kanjani kuyo. √ (2)

2.4 Umoya wokuncenga/wokunxusa. √Imbongi incenga intombi eyeshelayo ukuba ivume bathandane ukuze bahlezi bendawonye njengamajuba, baphinde bajabule njengamathole uma etshakadula. √√ (3)

2.5 Yebo, ngoba imbongi isebenzise ulimi oluncengayo ngokukhetha amagama 'mntanomuntu, ngosiz'olungibusayo, amajuba, ukutshakadula' namanye. Wonke lamagama akhombisa inhlonipho, ukulangazelela kanye nenjabulo imbongi ezifisela yona nomsheli wayo. √ (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com



**ISIQEPHU B**

**UMBUZO 3**

**ISINGENISO**

Umbuso kaShaka singawuchaza njengombuso wesintu owawulawulwa inkosi uShaka okuyiyona eyayishaya imithetho elawula isizwe. Umbuso wentandoyeningi wona yilowo olawulwa uhulumeni osuke ebekwe izakhamuzi ngokohlelo lokuvota. Kule ndaba ngizoqhathanisa umbuso kaShaka nalowo wentandoyeningi.

**UMZIMBA AMAPHUZU**

**UMFUNDI ANGASEKELA NGAWO:**

**Umbuso kaShaka:**

- Wawuholwa umuntu oyedwa (uShaka).
- Akekho umuntu owayenelungelo lokuphikisana noShaka.
- KwakunguShaka yedwa owayekwazi ukuthatha izinqumo, ezinye zazo engazicubunguli.
- Wawunokuchitheka kwegazi okuningi, okwakwenzeka maqede kungabi ndaba zalutho.
- Wawuncike kakhulu ekuhlaseleni/ezimpini ukuze ubonakale amandla awo.
- Wawumelene kakhulu nobusela, ubuthakathi, amanga nobuvaka.
- Wawungenabo ubudlelwano obuhle nezinye izizwe.
  (Namanye amaphuzu asekeleke ngezigameko ezitholakala emdlalweni.)

**Umbuso wentandoyeningi:** • Uholwa umengameli nesishayamthetho.

- Izwi nezwi lomuntu ngamunye liba nomthelela ezinqumweni ezithathwayo.
- Uba nobudlelwano obuhle nobubi namanye amazwe.
- Unokuthula noxolo.
- Izimpi zawo ziliwa ngomlomo ephalamende.

Downloaded from Stanmorephysics.com

- Unemithetho ebhekelela wonke umuntu.
- Uyakwazi ukusuka kwelinye iqembu uye kwelinye ngokohlelo lwevoti.

(Namanye amaphuzu anembayo, angamaqiniso nasekeleke kahle).

**ISIPHETHO**

- Umfundi ulindeleke ukugoqa amaphuzu ngomusho owodwa.
- Ukuthatha uhlangothi ahambisana nalo kanye nesizathu/umbono/isifundo/isixwayiso.

**[15]**

**UMBUZO 4**

4.1 UShaka. √ (1)

4.2 Ubulawela ubukhosi. √ (1)

4.3 Isizinda sendawo-Isesigodlweni sikaShaka √, isimo senhlalo-sibi, kubulawa uShaka/abalingiswa bayabulalana. √ (2)

4.4 Yingoba uShaka wakwazi ukumisa umthetho √, inhlonipho √, ukuzibamba √, ubuqhawe √ nokuzithanda. √ (Okubili kwalokhu). (2)

4.5 La mazwi achazwa ukuthi umuntu ubulawa/uvukelwa abantu azalwa nabo/asondele nabo. √√ (2)

4.6 Yebo, ngoba wayebusa ngesandla sensimbi futhi esebaqedile abantu ebabulalela amacala angaphenywanga ngokugculisayo, OKANYE, Cha, ngoba ukubulawa kwakhe kwenza izitha zobukhosi bakwaZulu zizenzele umathanda emhlabeni kaZulu. (Nezinye izimpendulo). √√ (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [35]**